ISIMEMEZELO.

Kwasiswa bonke abantu ukuti umhlangano omkulu kaCongress obuhlangene eMgu'ndhlovu ngoMarch 28. unqume ukuba kutunyelwe amaNxusa pesheya aye kokwenekela ubukosi baseNgilande izindaba zenhlalo yabantu kutelizwe. Nina enazane namakosi nabanumzane abangatoli ipepa baziseni.

Nesiza nokatunela amakeli eposi amakosi asezifundeni zangakini kuJohn L. Dube, Ohlange, Phœnix, ukuze awabhalele.

Inhlangano ikele uDube noMsane ukuba aciaNxusa. Kaulezani nitumele imali kuJohn L. Dube Ohlange, Phœnix yena uyoyibika ezinhleni zeLanga yetulwe kuChief C. Lutayi kanye neba dhla elipete uCongress.

Kodiowaka bahambe kona manje K bhelebe emak sisi nabantu ukuba [illegible] ompako wabo.

ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu May 16, 1919.

SEKUBHEKWE IMBHEKO.

ZONKE lezizinsuku, kusukela esonutweni elidhlulileyo sekubhekwe ukuba izincingo zisabalalise pakati kwomhlaba ukuti amaJalimane abeke izandhla zawo encwadini ebanzi ayinikezwe Izizwe ezihlangeneyo ukuba ibe isiseko sokutula nokutelelana amanz emva kwalempikazi esand'okuyeka ukudamelana. Incwadi ebekwe pambi kwamaJalimane iwateua amandhla ngangoba akasenakupinda ayake impi neziksli ezingangalezi akade elwa ngazo, nenkosi yabo uKayiza usondezwa pambi kwabahlali bezizwe atetiswe icala lokuba asungula lempi wabuye wayiquba ngobudhlwangudhlwangu notugcwelegcwele obungajwayelekile empini yezizwe ezikanyisiweyo. Kepa kuvunyelwana ngokutula nje akuko ukutula ezweni. Yonke indawo pesheya nakwezinye iziswe umbuso uvukela umbuso, izisebenzi zivukela ezisebenzi kubo, zidikila imisebenzi kutale kute kwishi, namasosha kutiwa pesheya asevamise ukwelelesa nobugcbengu. Ababuswayo bezizwe ezinye ezingemblope citshu kuwo onke amakosi omhlaba batumela abaholi babo pesheya ukuba baye kobanxusela inkulu leko emitetweni ebabandezelayo neba baudhlulujayo ngokufupi umoya wezwe ngewele ukungeneliswa. Nxa kunje zoti zikala izinsimbi zenanela uxolo lwempi, abanye babe belwa, beduna umsebenzi bepitizela ngaloko okungabagculisile. Yinye into ekohle abantu nemibuso. Sekwanda ubuhlakane emhlabeni bacinga ukuti banga zenzela nje konke, uNkulunkulu abasambeke sibaiweni ekulungiseni nasekulolongeni izindaba zabantu neziswe. Okuyopumza umhlaba kulezisipitipiti ukuba amakosi nezipati mandhla nezidukudukwana nezinduna nompakati bawe ngamadolo kuNkulunkulu bavume izono zabo zomona nobugcwelegcwele nokupanga nokucindesela abangenamandhla nokukohlwa uMdali weZulu noMhlaba kube kona imvuselelo emhlabeni wonke yenkolo eqoto kuMveli-Nqangi. abe yiko konke kuko konke kubantu, izibusiso nokutula kuhlale nabantu.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU.

AmaNxusa amaBhunu ahamba noHertzog uMr. Lloyd George akawaniki nelanga angabonana nawo ngalo. Amandele aye afika eParis lapo uHertzog ekona kanye namadoda ahamba nawo.

—:o:—

Isidumo sangesonto eGoli sabantu abasebebuya ejele ePitoli bafike balwa namapoyisa, sehlula ingqondo yomuntu futi lonke iswe izipitipiti ezinje zigcwele. Kwenzenjani?

—:o:—

Njengoba ebekade eye kwaZulu ubuyile usekaya uMafukuzela.

—:o:—

Umlungu onguThomas White oku nyena wasusa isidumo eFidasi wati kubelungu abanti ye abantu, waponsa amatshe esixukini sabantu, ubosiwe isinyanga ezisihlanu esebenza nzima. Kanti inyoni yasejele, sewaze wabosiwa kabili.

Ubesonte kubo eGroutville uMr. Mzoneli, waseJubilee eManzimtoti, wapenduka ngoMsombuluko elibangise emsebenzini wake eManzimtoti.

—:o:—

UMr. N. Lutuli okade eshaywe pansi umkuhlane lapa Ohlange usengcono, noma amadolo esashayana.

—:o:—

Ibandhla elikade lihlola indaba kaMr. Brandon esola abeC. I. D. nabeS. A. M. R. liyikipile indaba yokubona kwalo. Bayamvumela ukunye kodwa bati na weqisa ebusoleni kwake. Batu abe S. A. M. R. kukona abangefundisiwe kubo. Kunjaloke ne Attorney General indaba iyiyeka kona lapo.

—:o:—

Isikulu sase Mgu'ngundhlovu uMr. P. Davis nshonile. Uye umnini wepepa iWitness obesicebi. Ftuneni la[illegible] d kudukwana zon

—:o:—

Ulicitile uMr. Selby Msimang icala ayebekwe lona eBloemfontein lokuti inshumayelo yake ivusa abantu ukuba benze izipitipiti. Ulicite lingakatetwa ngoba kute kusati helele ummeli wake wati acacile amazwi okutiwa wavusa ngawo abantu nompela ijaji lamvumela, wakululwa uSelby.

—:o:—

Impumulo yamanxusa aseSouth Africa abikwa ukuti asefinyelele eNgiland nokuti indaba yawo isizoshesha ishicilelwe.

—:o:—

Abantu eMessina Mine eTransvaal badikile umsebenzi beti bafuna ukuqutshelwa usheleni ngelanga. Abapati beNkomponi bati nxa bengenelisiwe imali abayiholayo abagoduke. Nempela abayikulu neshumi nambili babamba abayaziyo.

—:o:—

Ekuluma eLondon uMr. Pollock weZululand Mission ute, imvama uyazi ukuti amaZulu ayelwa eFulansi.

—:o:—

Amapepa abelungu ati izipitipiti zamapasi nezikasheleni sezipelile eGoli ngoba iningi labantu alibetembi abaholi baloludaba. Ati, imvamela yabaholi baloludaba abantu asebabhunguka emakaya abayizigebengu.

—:o:—

Omunye umlungu owadubula umuntu obizo lake uWilliam Douse ubekwe icala lokubulala, sibhala nje alikanqunywa.

—:o:—

Umutwana uSolomona kaDinizulu kuzwakala ukuti usazoti shelele aye ngas'Obhalule enxiweni lapo kwakudingiselwe uyise ayobona amatodhlana asala ngakona. Uyodhlula ngaseJozi Indaba ebihanjelwe uMafukuzela uyishiye ezándhleni zaoMnyaiza noMakulumana ukuba bayiqube ngamandhla esehambile.

—:o:—

Umutwana uGriffis was Osutu kwaMshweshwe ute pambi kweMbizo enkulu yamakosi akona nabantu, uzowela aye kotakazela uKing ekunqobeni kwake izita zake.

—:o:—

Omunye umfundisi wayengenise kwabase Meleka abefundisi abati ukubhema ipipi isona. Kwaqedwa ukudhla qede, waeseti lo ohambileyo, ake ngipume ngiyokwenza isono.

Ezaneno nezaPesheya.

NgeSonto ntambama eGoli bekukona impi enkulu ejalidini lasePass Office kulwa abantu namapoyisa. Abantu aba 86 ababebanjwe ngesidumo samapasi baboshwa besebebuya lapo bekade besebenza kona ePitoli isikati sabo sesipelile. Yonke indhlela kutiwa bebehamba benza imikuba nje, bema bedhlelesela amapoyisa abagqubayo. Kute ukuba bafike eJozi bayiswa ePass Office, bati lapo besejalidini lakona induna yamapoyisa uLloyd equla ukukuluma kubo engakaligwinyi omunye umuntu wamshaya ngesibhakela wamlahla pansi, kwabe isiqatekile njalo abantu babashaya ngezicatulo abelungu, abanye bemuka amapoyisa amnyama izinduku bawangcefa bawangcefa amapoyisa amhlope. Yona induna emhlope yamapoyisa uLloyd namanye ashiya munwe munye kwamhlope, apetwe odotela namhla ngenxa yezingosi nezidubuli azitole kulabo bantu.

o o o

UMr Lorance wasemapasini eGoli uti lendaba yamapasi iqutshwa zigebengu, bayingcozane abantu abazotileyo abayingenayo. Uti bonke batatwa imifanekiso yeminwe kwabonakala ukuti babekade beyizelelesi. Abantu aboaboshwayo ngaloludaba ngoApril bangu 561.

o o o

Abase Japan bakala ngokuti kuleliqinga lokuhlangana kwezizwe akungabiko ukubandhlululwa kwombala. Bavukile abaseMeleka abangaseCalifornia bati kuhle uPresident Wilson angavumi ukuba abanebala beme sikundhleni siuye nabamhlope. Euye yengwangqane ezoxazululwa amadoda abumba lonhlangano yozizwe.

AbaseRussia balwa bodwa, manje impi ikulile kulelozwe kumaBolsheviks naba uHulumeni wakona enyakato neRussia.

o o o

Nangalapa eFremantle eTekwini lakona kwehle isidumo esifana nalesi saseGoli. Kusuke isixuku esikulu sayovimbela izipati mandhla ziti zimisa udonga, kwati amatshotshozela atata amatshe nashaya amapoyisa abepete izikali. Yadumelana kwalimala abangu 38.

o o o

NaseGermany izidumo zokuiwa zibikwa yonke indawo, abadubula nabahleli bamapepa, kwemuye imizi amapepa asaveli, namabange ayapangwa.

o o o

Izikulu zamaJalimane beziseParis zifike ngezimoto ezintatu zizonikwa amazwi oknyiwona ukutula kunciyeme kuwo. Banikwe izinsuku eziyishumi nesihlanu zokuba bapendule.

o o o

Kepa ai, bawacindezele isimangaliso nawo akude ukuze abe isizwe esinotileyo njengoba ayenjalo ngapambi kwempi.

o o o

Ngapandhle kwamaswe awo ayesezizweni kanye nemikumbi eminingi sekwatatwa kubo. Kutiwa-ke zonke izincitakalo zabantu okumelwa ukuba azikoke itshe lemali engu £5,000,000,000 eyode ikokwa izigamu ngeminyaka etile.

Uhlangene uNational Congress.

NgoMay 8 eQueenstown eCape Colony kuhlangene uNational Congress enganyelwe uMr. S. M. Makgatho. Amadelegates apume kuyo yonke indawo, ababili bamanxusa ayapesheya babikwa ukuti sebewele bafinyelela. Izindaba ezihlafunwa inhlangano ilezi:—

1. Kucelwa ukuba umbuso weNyonyana unikeze zonke iziqingata ivoti kubantu.
2. Bezwela abantu baseTransvaal nabase Free State abalwa nomteto wamapasi.
3. Ukuba umteto wamapasi uqedwe utiwe nya.
4. Ukuba kutunyelwe isikalo kuHulumeni sendhlela embi okupatwa ngayo iziboshwa ezimnyama.
5. Kukalwa ngendhlela embi okupatwa ngayo iziboshwa ezimnyama zidonsiswa izingqukumbane.

Amazwibela ezohambo luka Mafukuzela.

Isonto lokugcina Osutu uMafukuzela walicitela kwa Mnyayiza kwaNdabuko. Amuko umuntu oxube inkanyiso nobuqaba njengoMnyaiza. Elawini lake ungafica izingubo ezipambili, ati uxatshana eszifakile umfo wenkosi uti ikolwa elidala ufice nesetisha zetiye, futi ulidhle, ngalapa amafountain pens azibhalela ngawo yena, konke okufunyanwa emizini yamakolwa, kepa uti la usungena eofisini lake ufice imitsha yake yezinsimba, nezindhlandhlana, namahau, nemikonto, yebo konke kobuqaba. Ubese umkohlwa nje uNdabezita ukuti kanti uyilipi. Loku ingubo iyamhlala; abake bambone efake inyamazane bati usuke ekwabo, loku ngikulile ngiuDakwa, ibuto lake lelo.

o o o

KwaZulu Osutu abancane akushiwo ukuti abantwana kutiwa zingane ngoba nxa kutiwa abantwana kusuke kutshiwo abanta'benkosi.

o o o

Pho uMafukuzela eyizeka indaba ngoba udibi lwake lwashaywa pansi umkuhlane wenyongo ipuma ngapansi nangapezulu, izinsuku ezintatu kwakungati useyemuka emhlabeni. Bhekake kukude nezitimela engasenamandhla nowokuhamba Waze watotonyiswa amahashi ambeka kanoNgoma lapo wangena emotokalini yaye yaulahla kwaMpukunyoni esitimeleni.

o o o

Ai omiyane bakwa Somkele bangangomnyovu. Njengoba basihlaba nje, asazi noma imfiva sesiyetwele egazini yini ngoba safika ibavingqa ngalapa nangalapa. Kona eMpangeni babefa isimangaliso.

o o o

Intombazana eyayisiletele itiye emahashini ekuseni yati, akugoqoziwe. Saqale sakohlwa ukuti ukugoqoza loku ekushoyo ishoni. Kanti itsho ukugovuza. Pinde ubezwe le Osutu beti ukugovuza, yonke into enjalo ukugoqoza.

o o o

Kukona izwe elibanzi elingakiwe muntu lesigodi sezi Mfolozi. Izwe lezinyamazane ezinkulu ezilandelwa ilempukane eleta unakane ezinkomeni nasemahashini eyanele ihlale nje kuzo zife. Sati nxa sidhlula lapo zikona sazibamba zihlezi emotweni. Zehluke ngatonye kulezi esisaziyo. Amakanjana pambili lapaya agobile izimpape zinde.

o o o

Nxa umuntu oya Osutu indhlela ehlobo equmka ngaseVryheid.

Ezase Goli nezipitipiti.

Izinsizwa azisetembisisi ukupata ipasi azilivumi. Sezize zaboshwa kabili, zipuma ejele zinqabe ukuwapata ziti uma seziqutywa impi yamapoyisa ihambe zihlabelela uNkosi sikelela iAfrica kube umunyu.

o o o

UMr. Ritch ummeli weTransvaal Congress usebuyile epelamendeni, lapo kade eyise izisuka zendhlu emnyamba ubuyeba ngelihlung. Court Ai, ni ibize ime ngalunye lukoma kaRitch nemihali wake uMr. H. Bud Mbhele ngwaqwe lwensizwa yakiti.

o o o

Ao Rev. Mvelase waseSophiaotown beno Mr. Vuma Msane, yabakipa pambili sekumnyama into kaRitch bebekwe icala lokudabula izincwadi zabo zobuzemutiti nokuti bapula umteto wamaBhunu ngokumema izinhlangano bengatonyiwe iNative Affairs.

o o o

AoMajor Cook noChief pass officer uMr. Lawrence sike sababona enkantolo bezofakaza; po indhlu emnyama loku iyabazonda ibabuke ngeso elibi.

o o o

UMr. C. S. Mabaso ukona lapa iqawe. Impi yake ihamba mutoti impela, "Tina aifuna lo pasi, tina zaliwe lapa Africa, Mlungu must pata lo pasi".

o o o

USergt. M. Bhengu ute efika nempi yamapoyisa amnyama bamhleka abantu waze wadideka ute eti (form the deep) amanye enza uright turn noleft turn, awowafundisa angapindi akutunise kanjeya Sergt.

o o o

Ngalemivalo ebikona eFidasi bekukuluma abaholi abasha, naka mai mai aoMr. A. N. Mgobhozi nabanye owakuluma kakulu ngezintela ezitelwa abantu eTransvaal. Tax £2. eyepasi £1-5 ngonyaka eFree State Tax £1 eyepasi 10/- eNatal from 14/- to 19/- ngapandhle kuka £2 ngendhlu yepulazi wati lemali ayisebenzi luto idhliwa abelungu yonke, umuntu ukupela wenziwa isigebengu ngepasi ati anganystelwa isondo likwele umlungu abe seyaboshwa ngoba izulu likwele pezu kwake, sekubhalwa epasini lake (F. J. R. D.) angabe esawutola umsebenzi abe esebalekela kamadalambana ayoba isigebengu, ukuba kupile umpefumulo wake.

o o o

Siyadabuka ukuzwa ukuti uMrs. Abson Siki Shabane kade ebambeke kubi umkuhlane wangenwa amakaza sengati angapopa.

o o o

Kuzwakala ukuti uMrs. Walter J. Gumede ubelapa ngesonto lesibili kuMay abedhlula eya kubo eFree State loku sekuyiminyaka eyisihlanu ekowake eMahlongwa simfiscla indhlela enhlo.

o o o

URev. R. M. Ngcobo waseMtwalumi uselushisa lapa upondo lweVangeli. Asazike mfoka Sakayedwa.

o o o

Isilapa intshebe kaMenyezwayo uRev. Mvuyana loku kade isilapo kushone kona umfowabo eCape. Setemba uMdudu noMtokozisi okugcina akwesule izinyembezi qawe leNkosi.

o o o

UMiss Kutie Nyawose usehlala eAlexandra township, siyadabuka ngokungapili kwake. Usayotshawa umoya kaNozandhla.

o o o

Kwelase African Zulu C. Church kaShumayela uRev. Sikankanyana wasePutukezi ulete abantu beNkosi eAfrica akashumayeli uyaqotula alihambe maAfrica.

o o o

UZulu eGoli uwe ngopondo ngoba liyawela iqude likaDube noMsane, izinkunzi ezindala, akuze imali-ke nibese nigeza izindhlebe nikipe isikotokoto abokuzalwa endhleleni yase. Ngilandi bobabili.

o o o

Siyadabuka ukuzwa ukuti aseko unaka Prince Albert kaJozane Shange wase Mfume M. S.

o o o

AoMiss P. N. Nyawose noNozipo A. Mgobhazi sebelapa loku kade besayodhla amaholide eBenoni bebehlala eHotel kaMr. Jonathan Nobhadula, abakohlwa umusa kaMadhlamini.

o o o

Icala labaholi baseNancefield lihleo hlisiwe, lisaya kuAttornoy-General ePitoli umngunyazi wemiteto, yasho njalo iMantshi lalipetwe ummeli uMr. Benson. Sengati bazolinqoba, lokuti bafaka impi yalwa namaFokisi bashaya noMr. James.

UHLIKIHLE.

Umuntu oshaya iGolf noshaya ibhola ufanele ukwazi ukuti uChamberlain uyapilisa lapo ukutshazwe kona. Lomuti uyinto nje yokuhlikihlwa uma usudhlalile. Zonke izibazi zelapeka njengonyazi, futi welapa utshetshe kunemiti yonke ngokupindwe katatu. Ungawutola yonke indawo.

Ezase Georgedale. M. S.

(Ngu SANDANEZWE.)

Ubusika sebungene lapa kuke kwamakaza kabi kulezinsuku ezidhlule kwafika nomoya omkulu kabi noko aulimazanga luto.

o o o

UMr. Eliakim Matiwane indodana enkulu kaMr. noMrs. Joshua Matiwane osavakashele lapa ekaya ukusuka ngas Gomo po esesenza kona isikati esikulu Upitile uopela setemba uzoba nezinsukwana.

o o o

Kwati ukuba kushone uNdevu Josiah Matiwane sase isikundhla sobedunna sitatwa uDr. Caiman Gumede osekunguyena nduna kaChief Lutayi umfo kaMatenyoka, ungceda omakwici kwasho uRev. Nyawo.

o o o

Usekona umfo kaMatenyoka uChief Lutayi izimbizo zebandhla lake azinqamuki kulezinsuku ubiza imali yamaNxusa, futi ubiza nemali yendhlu yokwaka indhlu yesonto. nemali yeqele.

o o o

Indaba esemlonyeni wake wonke umuntu ilizwi elipuma kaWesleyan Conference lokuba uRev. Majozi useshintshwa useqondiswa kwenye indawo. Loku kulitintile ibandhla kakulu ngoba beliisamtanda umfundisi walo nonxa liwazi umteto wokushintshwa, noko sengati okwempela belingakakulindeli ukuba kutshintshwe. Kunjalo nje beku ilapo kucakazwe nezindhlela zokufuna imali yendhlu yesonto, impela kuvele kabi ukutshintshwa.

o o o

UMr. Caswell Sekeke waso Sutu eBasutoland ubesonte lapa efike nomhlobo wake uMr. J. S. Gumede esizwa ukuti bazana kakulu ngesikati uMr. Gumede esoSutu ngo 1914.

o o o

UMr. Paul Kanyile waya eMzimkulu ukuyoshadisa kona indodakazi yake.

o o o

Umshado osugayelwa okaMr. Solomon Kanyile noMiss Laura Mbili abakona lapa eGeo. Dale.

o o o

UDr. Daiman Gumede ulibangise ngaseMkomazi ngezindhlela zemisebenzi.

o o o

UMr. Chas. Gumede useBasutoland ngemisebenzi.

Ezase Mgu'ndhlovu.

Isonto elidhlule libe nendaba embana kakulu ngokushona kuka Peter Davis okungayena mnikazi wezitolo zamaBook owaziwa ngokutiwa ngu-Messrs P. Davis & Son. Zonke izikulu zabe zipelele emngcwabeni wake. Bayodabuka abaningi kakulu koTeacher. Ushone esengu 84 years of age.

o o o

Hau, okuke kwenziwa amakaza kulezinsuku kwehlule izalukazi nezimpusayana abefikile impela. Hai-ke kulezinsuku.

o o o

Isiqaliwe iBhola ukudhlalwa lapa yiM. D. N. A. iqalwe ngomgqibelo odhlule kudhlale amaStandards vs. Wanders draw Nil Nil. Royals vs. FlyingStars. Siyajabula bafana bakiti emveni komkuhlane okade ukona ukuba sipinde sinibone esigcawini Sinifisela imidhlalo emihle.

o o o

Nonyaka nje isikundhla sobuPresident beFootball Association sipetwe uMr. A. J. Sililo, Mr. Rueben Kuzwayo Vice President, Mr. E. O. Msimang General Secretary.

o o o

Isitolo esikulu samaNdiya (Indians) okutiwa iNatal Indian Trading Coy sishiswe ngumlilo ngesonto ekuseni sasha sapela sonke, Kucishe kwasha netinye ebelile le noko lahanguka nje layiswa esibhedhlela.

o o o

NgolwesiHlanu oludhlule eWesely kusihlwa kwabe kuiConcert yamakosikazi. Kwabe kucula oMrs. Mtimkulu, Mrs. Gumede, Mrs. Mhlongo, Mrs. Radebe noMr. James Ntombela ebasiza. Yebo kwezwakala ukuti lake lalolongwa ipimbo. Impela nenza kahle bomame. Elinye ikwaya kwake elabafana abati amaM. C. C. nalo lacula kahle.

UMr. Caswell Sekeke waseBasutoand umhlobo kaMr. J. S. Gumede osahambele lapa kulezi nsuku.

o o o

UMrs. Mtimkulu ulibangise eGoli ngokuvakasha, uhambo oluhle ma-Mtembu usibonele eGoli.

o o o

OMrs. Macebo nodadewabo uMiss Grace Mngoma badhlule lapa ukusuka eGoli beqonde eDeepdale besayopola.

LUNGISELELA UBUSIKA.

Tenga imiti eyokusiza ebusika masinyane. Maningi yeka amagahba ati uma sekufike uChamberlain anyukubale angazinzi, ngenxa yoba uma wona usufikile uqeda ukukwehlela uya. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879.

UKUQALA KOKUHLUPEKA.

Kanti uSobantu utsho ukuti uyakufika ebusika nje kwaZulu, npete izwi esingaliboni, lokuti, uyakugodunga ebusika, emuke kulomhlaba. Nembala kwati ngo June 20, 1883, wasishiya uBaba wetu onomasi otanda abantu bonke—abamhlope nabamnyama—uyise wabo bonke ngoqobo, owabe engenayo inhliziyo yegqubu kumlungu nakumuntu, owabe efanelwe yizo izibongo ababembonga ngazo beti "Indhlondhlo emehlomane yasekukanyeni, uMapilipili onjengezulu lihloma, ondaba zifika kuqala petsheya, uMatshesh'afike eNkilande, inkosi yokutula." Wagoduka likona lapa nalo inxusa elalivama ukutunywa kuye uMfunzi wakwaXulu. Wati eseti makutunyelwe kulo liyobizwa azokuluma nalo, kwabe lapo sekufice sona isifo, wati efika uMfunzi wafunyana inkosi yake seihambile sekusele izingubo zodwa. Po, usezakutini wena wakwaXulu, lamfela okwokupela. Kanti uSobantu ugodaka njalo ngalelolanga izigijimi zokufa kwake sezifinyelele kwaZulu njengonyazi lwezulu, zaya zafinyelela kuZibhebhu kaMapita, ukuti "Utshonile uSobantu ob'ekade ebuzela inkosi; hamba Zibhobhu uyomqeda manje kukulungele, kona seuzakutata umuzi wakwaZulu ube ngowako." Wanela ukuzwa ukuti uSobantu kaseko wayihloma umfo koMapita onkonovana ombana, ongeze watsho nokusho ukuti ngumuntu omkulu, ungabona ikehlana nje eliyindojeyana embana kakulu esicocwana sibheke nhlanye. Wayihlomisa wayibangisa kona kwomkulu Ondini ekuseni kusemnyamana. Ute owesifazane eye ngapandhle wayiloona iza ngakwa Mtanutengwayo. wafika wayibika ekaya. Po! abantu babutene bangakadani ekaya! Abantu bajabula kufike inkosi yabo, bengacabangi luto nakancane ngempi, abanye abafana sebevuke bahamba bepelezela amantombazana abe epuma emakaya ebaletele ukudhla, abanye besacambalele, abanye beqala ukuvuka. Nangu owesifazane wabuye endhle epapazela eti "Nilele nje nansi impi iza ngesikala sigaMatanutengayo!" Kwaba ukwetuka kwabo bonke abantu bebehlezi bengazi luto. Kanti pakati wabanye aba izikulu abahlezi lapa kaya bayazi ukuti uZibhebhu uzaufika namuhla azobhubhisa izwe. Po, uzwani-ke, wabe aeyiletile umfo kaMapita osicocwana sibheke nganxanye oilbuto uMxapo, owaepana kakulu. Loku pela abanye abahamba nabelungu bako bagibele, bapete imimbhobho bonke. Ite inkosi uba ibone ukuti impi se isisondele yatuma uGodide kaNdhlela kaSompisi, uyise owabe eyinduna enkulu yezwe kusabusa uDingane, yena uGodide owabe iudu na enkulu yakwaBulawayo; inkosi yamtuma ukuba oyohlela impi yonke yayo ngamabuto ayo, ati nxa eseyihlelile ikukule yonke ize kuyo. (Inkosi yainxanele ukuti gudhlu itshone ngalapa ehlanzeni, iyiqate yona uqobo lwayo.) Po, yena owakwaNtuli wabe esakwenzelapi kona loko? Yase ikahlamezile eyakwaMandhlakazi, esewanikela lapo aMankentshane, bamtata kona lapo uGodide, yase igqibuka njalo eyasoSutu yabaleka. Kwabe lapo ipokopele kona ngasenhla esigodhlweni. Inkosi yati igibela ihashi lawa, yalishiya yatabata izikali zayo yapuma ekaya. Ihambe yahamba yafika esihlahlaneni (lapoke isiyodwa qwaba) yahlala pansi kwaso. Kwaeskufika ihelana lalabo bakwoZibhebhu ababambe bexosha ababalekayo. Bat'uba bayibone ihlezi esihlahleni bayiciba ngemikonto, kepa imikonto yahlala etangeni yomibili. Wezwakala kaloku uJinind'omnyame, wakuza ehlezi kona pansi kwaleso sihlahlana, "Bafokazana ningihlaba ngomkonto ezweni lami likababa!" Waqamuka omunye owabe eyinceku yake wati, "Ndabezita besingazi ukuti inkosi besiti umfowenu uZiwedu." Base bekuleka njalo beti, "Bayete!" bahlala pansi. Nayo inkosi yaibazi abanye kulabo. Bakulukuluma nayo amazwana ayingcozana, base bepindela emuva. Kwat'uba bemuke yesuka nayo yaqubekela pambili. Kanti emuva lapaya uMandhlakazi ute uba abaxotshe abantu wawufaka nsizweni, wawufaka kehleni, mfazini nasentombini nasezinganeni kwatula kwati kwishilili. Pa, izikulu zonke zabe sezihlezi esibayeni lapo yafika impi kaZibhebhu yazibonda kona ngamagaqa, kulapo kwakuluma kona ihwanqa likaMapita uHaiyana, owati kumfana oludibi lwake, "Leta ukamba lotshwala lolo mfana ngipuze, siyajabula namhla loku sizakufa kanye nenkosi." Wab'eseti uba apuze "Qub'izikali zami lezo." Uyapumela emnyango bayamqeda abakwaMandhlakazi. Zabulawa zonke izikulu lapo. Kulapo kwesuka esinye lsikulu uNozamza waya kuyo impi wayihlangabeza wati. "Angiti pela mina bengihlezi nani ebusuku ngilete amapatu ezinkabi ebezihlatshiwe, kanti nami ningangibulala yini loku ngingowakini nje na?" Bapendula abakwaMandhlakazi bemgwaza bati, "Kwona loko sibe sikutanda yini?" Baqeda lapo amashumi amane abanumzane aba yizinsika zezwe lakwaZulu. Ngokuti bayabaleka abesifazane, bamgwaza okaMajiya, umlobokazi wenkosi, ebelete umntwana uNyoniyentaba, umkonto waya wadhla umntwana emhlana.

Ezase Victoria Hill

Kulonyaka yindhlala laya kwezinye izindawo, kulapo kufike nezilwane ezibolse izipapa zasha, usungatungela umlilo. AoMessrs. T. S. Mkize noJ. A. Langa balapa. UMr. Langa akapilile.

Njengokuba uMr. Malumbe ebelapa nenkosikazi yake ngokungapili itelete. babili bemuka. Sebebuyele emzini wabo eMhlangane.

UElias Tshabalala okala ngoMiss Maud Mtembu uti wati akabe isiguli mhla kuvalwa isikole ngo1915. Unesifo esesahlule oDotela. Ati ingati uMiss Mtembu angake ambone ambuze.

Kuzwakala ukuti njengokuba uRev. J. Mhlongo wake waba seMgungundhlovu wabona uRev. A. F. Matibela eStation beqala ukubonana seloku bagcinana eNkantolo eWeenen ngo1916. Wati usepumile naye eWesile. Kungati ngasemva kwenkulumo ende uMr. Mhlongo wabonakalisa ukuti uJoseph wasendulo wati ningesabi banewetu ukuba nangipata kanjeya. Hambani nilande ubaba nemizi yenu nize naye lapa, ngokuba uNkulunkulu owalungisela ukuba ngihambe pambi kwenu.

Umenyane lwaseDepende lwahlangana ngeGood Friday uRev. Mhlongo elibangise eLongland eDundee eyonika iSidhlo seNkosi omenyaneni lwaseDepende kuMr. Ngwenya. Kungati nomhlangano kaNzondelelo waseDepende wokuqala nyohlanganela kona ngoAugust 1919. Izinhlebi kungati ziti ukuti Depende kusho ukuti ibandhla nokuti isonto lamaSwazi nama Simanga. Akunjalo.

Amadoda asatambeke ukwaka indhlu yomfundisi neyesonto aoMessrs. M. Ndawonde, J. A. Mhlongo, J. L. Mcunu. Abahedeni bayapenduka noMr. P. Mcunu ushumayela kasalali uyedwa.

Kungati uRev. Mhlongo kukona lapo ese yoshadisa kona emabandhleni aseDepende, akasalali ekaya. Inqola yokutelisa isipumile eMpofana naseWeenen.

Umhloli wezikole uMr. Gebers wanelisiwe ukuquba kwesikole saseWesile esilapa eMhlumba. Kodwa wati indhlu incane nabantwana bancane. AoMhlongo bacela kuHulumeni ukuba kwakiwe iGovt. School wavuma wati abakipe £150 kupela. Watunywa naye kuze kube namhla pinde. Wati upi yena uMhlongo?

U Good Friday eSchitdret Natal.

Ngolwesine wabona ngo 3 o'clock kwabe kubomvu umanyano lwamaWesile iya eSchitdret, Acton Homes Lang kloof, Green point, bedhlula oMr. S. J. Sitebe eBergville ngeculo u"Kanya emehlweni," kwapuma abelungu impela lusho uManyano, kodwa uMr. Sitebe wangena eNational Bank Ltd., ngezo kulonda imali. Bedhlula bafika ngo 7 o'clock kusihlwa, inkonzo yavulwa nguMr. M. A. Mpila, Igosa yeSeketi Intshumayelo Luke 22 USatane ufuna ukunihlunga, kwaba amazwi anemvuse lelo aduduza inhlangano; kwase kunge na umanyano lwehamba ngayo. Wavalwa kwalalwa. Ngo 7 ekuseni, uMr. J. Ndaba wakona John 18 36; ngo 11 emini uMr. J. Mtyali umVangeli, umtandazo, intshumayelo John 19,27. kwaba iTekisi emnandi kakulu. Ngo lwesihlanu ngo 3 ntambama uMr. T. Madinane John 22 26 noMr. S. Msibi, John 22.19, babalisa ngokufa kukaJesu kakulu, Ngo 7 kusihlwa uMr. D. Hlongwane Mateu 26,14 washumayela impela. Kwangena uManyano lwata ndaza wezwa ungati sokuyiwa ezulwini ngotando lomtandazo owawukona. Nizozwa abapenduka, ngo 7 ekuseni ngoMgqibelo, uMr. J. Mtyali wenza ufefe; njalo kona ngolwesihlanu kwa dhliwa ngemva kwamadina, ngisho ar[illegible] la. Inyama amaTea. [illegible]nkwa kwabe kuyizwe. Amaweta uMr. E. Kumalo nabanye abantu aba notando olukulu, kona ngo 11 yangena kuMr. L. Njoko umnini muzi wakona watata Luka 23 56 washumayela kakula; kwaba kona ukutandaza okukulu. Umanyano lwatandazela umfazi wakona wapila. Ngawo uMgqibelo ngo 6 sabona oMr. J. M. Mtyali, S. Sitebe, J. Ndaba bepete ipepa behamba kuzo zonke intokazi, kanti sokulungiswa amakwaya. Kwangenwa ngo 7 uMr. J. Mtyali uChairman noS. J. Sitebe owayembhalela uJ. Ndaba umfundi wencwadi. Nanka amagama amakwa ya emizi Green point Langkloof Acton Homes.

Yabuye ikwaya yase Queen Point yadhlala iReg-time, lapo wayizwa iBaso kuMiss Gasa pela base beti uMr. Gama nentokazi uMiss M. Madinane, S. Msibi nezinye zadhlala kwamnandi, kwancoka uMr. Madinane amazwi amnandi kakuiu, uMr. S. Msibi niye kanjalo Mr. S. J. Sitebe ngawoti zintombi zakiti nicula nicula kamnandi kodwa kwezinye izindawo kukona amantombazana aqoma amaSulumane nabelungu. Wati kuyasijabhisa loko wangena nangesikole sakona lapo ukuba siyulwe wati sebekulumile nomlungu wakona. Kwaba amazwi amnandi apuma emcabangweni wendo da kepa yinsizwa. wabonga uMrs. R. S. Msibi, ngempato yomuzi, siyabonga umzi wasipata kahle impela wabonga uMvangeli J. Mtyali ngamazwi ake kwakuhle kwadela. Wavulwa ngo 11 ebusuku ngeculo "Tixo ulilanga" nofefe nomtandazo kuqala siyambonga uMiss Gama or Mr. Green Pointe Ladies ngomculo wenu omnandi Ekuseni beza abafazi besililo bashuma yela kwaze kwangu 7, ngesonto yavulwa ngo 11 emini nguMr. J. M. Mtyali umVangeli Mateu 28 3 4. Abalindi batutumela besaba. Loku kwaqalwa ngombhedesho pela, yasho into ka Mtyali, asifuni ukujahlekelwa ilom Vangeli, washo kwanyakaza indhlu idhle umjiva wayo sukani bakona abaVangeli. Lapuma ngo 3, UMr. S. Msibi washumayela, impela uyashumayela nomfo kaMsibi kusihlwa kwashumayela owakona, kwati ngo 12 ebusuku kwahanjwa.